## ISITATIMENDE SABEZINDABA NGE-PROJECT LADUMA

**Tshwane, 7 Nhlolanja 2025 –** Mhla ziyi-9 kuNhlaba 2024, uhlaka lwase-Pietermaritzburg lweNkantolo Ephakeme e-KZN lwakhipha umyalelokumisa kwa-SARS mayelana nempahla ye-Shandi Trust. KuLwezi 2024, iNkantolo Ephakeme yase-Durban yakhipha umyalelokumisa oseceleni uvuna u-SARS ngempahla yabaphendulayo abangama-23, omunye wabo okwabe kuyiqembu lebhola i-Royal AM Football Club ("Iqembu"). I-Shandi Trust neQembu bahlobene, bangaphansi kolawulo lukaNksz Mkhize.

Kuleli sonto izinqumo zenkantolo ezimbili mayelana nalemiyalelokumisa zikhishwe uhlaka lwe-North Gauteng kanye nolwaKwaZulu-Natal, e-Pietermaritzburg, zombili zivuna u-SARS.

KuZibandlela 2024, umgcini nabaphathi beQembu baxoxisana ngesimo sezimali zeqembu ukuthola ukuthi ngabe iQembu lizokwazi na ukuhlangabezana nezibophezelo zalo zakusasa emidlalweni yowezi-2024/25. Emva kwezingxoxo ezijulile, isimo sezimali zeQembu sayiswa kusigungu esiphezulu sebhola i-National Soccer League ("NSL").

Ngenxa yezinselelo zezimali iQembu elibhekene nazo, mhla zingama-22 kuMasingana 2025 i-NSL iyimisile imidlalo yesikhathi esizayo yeQembu leBhola i-Royal AM.

Mhla zingama-29 kuMasingana 2025, iQembu lithathele umgcini walo izinyathelo, u-SARS kanye ne-NSL ngokufaka isicelo esiphuthumayo. Isicelo sifuna inkantolo iyalele umgcini ukuba akhiphe incwadi yezinjongo zakhe iye ku-NSL, eqinisekisa ukuthi izimali zeQembu zizokwazi ukufezekisa izibophezelo zayo emidlalweni yeligi. Isicelo siphinde sifune kubukezwe isinqumo somgcini sokungayikhiphi incwadi yenjongo njengesinqumo esingenawo umqondo, futhi esingekho emthethweni. Iqembu lona licele inkantolo ukuba iphoqe i-NSL ukuba ivumele iqembu lidlale kulesi sikhathi esesisele kuligi kanye nemidlalo yendebe i-Nedbank Cup.

U-SARS, umgcini kanye ne-NSL basiphikisile isicelo esiphuthumayo. Udaba lwalalelwa mhla zi-5 kuNhlolanja 2025 lwaze lwachithwa nezindleko ngenxa yokungabikho kwezizathu ezikhomba ukuphuthuma.

Inkantolo yaneliseka ukuba iQembu lihlulekile ukuhlangabezana nomthwalo wokuveza ukuphuthuma njengoba kubekiwe kumbhalomvama wenkantolo. Inkantolo ithe izinqubo nemibhalomvama akubekelwe nje ukuba kuthathwe kunjalo; umfaki sicelo kumele akhombise lokhu okwenza udaba lube udaba oluphuthumayo. Ukuphuthuma bazenzela bona ngoba iQembu lalazi ngesimo salo esibucayi uma kuqhathaniswa nokungakhoni komgcini ukuhlinzeka ngencwadi yenjongo ku-NSL, ngaphambi kokuba liqoke ukufaka isicelo esiphuthumayo enkantolo. Inkantolo azange ibheke ukufaneleka, kanti ngenxa yesinqumo senkantolo, iQembu lisamisiwe ku-NSL.

Isinqumo seNkantolo Ephakeme e-Pietrmaritzburg mayelana ne-Shandi Trust, isichithile nezindleko isicelo sokudlulisa isinqumo seNkantolo. KuNtulikazi 2024, abammelele baletha isicelo esiphuthumayo sokumisa umyalelokumisa, becela ukunqanda umgcini angawenzi lo myalelo. Inkantolo yaluchitha nezindleko lolo daba. Abammeleli bafaka isicelo sokudlulisa isinqumo seNkantolo. Isicelo sokudlulisa isinqumo sachithwa nezindleko mhla ziyi-6 kuNhlolanja 2025 njengoba Abammeleli bengakwazanga ukubeka izizathu zokudlulisa isinqumo.

Inhlosu esemqoka kwa-SARS ukugqugquzela umkhuba wokuthobela ngokuzithandela. Ukuze sifinyelele kulokho esikuphokophele, u-SARS uhlinzeka ngengcaciso nesiqinisekiso kubakhokhintela ukuze bakwazi ukufeza izibophezelo zabo ngokomthetho. Lapho abakhokhintela benza izinto zokungathobeli ngenhloso, u-SARS uphendula ngokwenza ukungathobelu kube nzima futhi kumbe eqolo.

UKhomishana wakwa-SARS u-Edward Kieswetter uphendule kulokhu okwenzekile ngokusho ukuthi "*U-SARS uthokozile ngesinqumo senkantolo sokuchitha lolu daba ngenxa yokungabikho bokufakazi bokuphuthuma. Abakhokhintela banesibophezelo ngokomthetho okumele basifeze ngaso sonke isikhathi futhi bahlale bethobela imigomo ezindabeni zentela. Kuyamangaza ukuthi abakhokhintela bakuthola kulula ukuya ezinkantlo kodwa bahluleke ukufeza izibophezelo zabo ngesasa elifanayo. U-SARS uyalelwa umthetho ukusebenzisa umthetho ngaphandle kokwesaba noma ukwenzelela ukuqinisekisa ukuthi bonke abakhokhintela okumele ukuba babhalise, babuyise amafomu emininingwane ngentela futhi bakhokhe izintela zabo bakwenza kalula lokhu. Ekwenzeni umyalelo wethu, u-SARS uzoqhubeka uzinikele nokubhekana ngendlela esemthethweni nabakhokhintela abanezinhloso zokungathobeli izibophezelo zabo zentela. Iqhaza lentela ekulwisaneni nezinselelo izwe elibhekene nazo zokukhokha izimpesheni, izibonelelo, ukulekelela izikole ngezimali, nakwezempilo angeke sakugcizelela ngokwenele*."

U-SARS angeke usaphawula ngalolu daba.

Ngolwazi olwengeziwe, xhumana ne SarsMedia@sars.gov.za